IFOMU LEZIKHALO

UMQONDISI JIKELELE

IKHELI:

I-EMAIL:

IFEKISI:

ISIKHALO NGELUNGELO LOLIMI NGOKWESIQONDISO 2 (2) SEZIQONDISO EZAKHISHWA NGOKOMTHETHO WOKUSETSHENZISWA KWEZILIMI EZISEMTHETHWENI, uMthetho 12 KA-2012 NJENGOBA WASHICILELWA KU-GAZETTE NA. 37398 NGOMHLA KA-28 FEBHUWARI 2014.

Mina, lo osayine lapha ngezansi,

1. IGAMA ELIGCWELE NESIBONGO
2. IKHELI / AMAKHELI
   2.1 I-EMAIL:
   2.2 ELEPOSI:
   2.3 (IKHELI LASEKHAYA NOMA LASEMSEBENZINI)

3. Ulimi lwasekhaya lomfakisikhalo:

4. Ngifisa ukufaka lesi sikhalo esilandelayo ngokumelene noMnyango:

   _____

   _____

   Ngokuphathelene nesehlakalo esimayelana nokwephulwa kwelungelo lolimi noma udaba oluhlobene nolimi

   4.1 Usuku isehlakalo esenzeke ngalo:

   _____

4.2 Igama lesisebenzi sikahulumeni esithintekayo:

_____

4.3 Lesi sehlakalo senzeke kuliphi ihhovisi lwalo Mnyango?

_____

5. Imininingwane yalesi sikhalo imi kanje:

_____

_____

_____

(uma isikhala singenele, sicela uxhome isenezelo lapho lesi sikhalo sibhalwe khona.)

6. Yisiphi isikhulu sikahulumeni oye waxoxa naso ngalolu daba?

_____

7.1 Wena ukhulume nalesi sikhulu ngaluphi ulimi?

_____

7.2 Lesi sikhulu sona sikukhulumise ngaluphi ulimi?

_____

7.3 Ingabe ngamunye uye wakuqonda ukuthi uthini lo omunye?

_____

7.4 Uma ingxoxo ibingekho ngolimi olulodwa, ingabe ubedingeka utolika?

_____

7.5 Uma kunjalo, ingabe utolika ubetholakala?

_____

7.6 Uma ebetholakala utolika, ingabe usetshenzisiwe?

7.7 Uma engasetshenziswanga, kungani?

---

8. Zinyathelo zini ozicabangele ukuze uxazulule lolu daba ngomoya omuhle?

---

9. Yisiphi isixazululo osiphakamisayo noma umphumela owufisayo?:

SICELA UQAPHELE:

a) Sicela uqaphele ukuthi kungase kudingeke ukuba unike ukwaziswa (information) okwengeziwe ukuze kucatshangelwe lesi sikhalo ngokufanelekile.

b) Siza uqaphele futhi ukuthi kufanele uzimisele ukuba khona ophenyweni lomlomo olumayelana nalesi sikhalo.

c) Siza unake ukuthi lesi sikhalo kumelwe sifakwe phakathi nezinsuku ezingama-90 kusukela senzekile, kungenjalo kufanel ufake isicelo sokuxegiselwa ngokufaka isikhalo sekwephuzile esinencazelo yezizathu zokuthi kungani sifakwe sekwephuzile.

d) Siza uqaphele ukuthi uMqondisi Jikelele unezinsuku ezingama-90 ukucabangela isikhalo nokuthi akunike isinqumo esibhaliwe.

e) UMqondisi Jikelele kumelwe acabangele isinqumo sakhe futhi akhiphe isaziso ngaso ngokwemininingwane yokuthintana ebekwe kuleli fomu lesikhalo.

f) Uma umfakisikhalo enganelisiwe ngaleso sinqumo, kufanele adlulisele udaba kuNgqongqoshe ingakapheli inyanga eyodwa esitholile leso sinqumo.

g) Siza uqaphele futhi ukuthi uma unganelisekile ngaleso sinqumo, unelungelo lokudlulisela udaba ngokubhalwe phansi kuNgqongqoshe noma kusikhulu sama-akhawunti uma kuyindawo esebenza ngomphakathi kungakadluli izinsuku ezingama-30 ukususka uthole leso sinqumo futhi uNgqongqoshe unezinsuku ezingama-90 zokusingatha udaba oludluliselwe bese enika isinqumo.

h) Sicela uqaphele ukuthi uma usalokhu unganelisekile, unelungelo lokufaka udaba ukuba lubukezwe ngokwesigaba 6 soMthetho Wokugqugquzelwa Kobulungiswa Bokuphatha (Promotion of Administrative Justice Act), uMthetho 3 ka-2000 eNkantolo Ephakeme futhi kufanele kwenziwe phakathi nezinyanga eziyi-6 ngokwesigaba 7 salowo mthetho emva kokuba uzwile ngesinqumo sikaNgqongqoshe noma usuku owaziswa ngalo ekhelini owalinika mayelana naloku kudluliselwa kodaba.

i) Sicela uqaphele futhi nokuthi unelungelo lokufaka isikhalo nganoma yikuphi ukubandlululwa okungenabulungiswa ngolimi kunoma yiphi inkantolo yokulingana esendaweni yakini. Ngokwesigaba 20 soMthetho Wokugqugquzelwa Kokulingana Nokuvinjelwa Kobandlululo Olungafanele (Promotion of Equality and the Prevention of Unfair Discrimination Act), uMthetho 4 ka-2000 imantshi noma ijaji linokululengisa lolu daba lwasenkantolo yokulingana lapho kusalindwe umphumela wesikhalo noma, uma le nqubo yokufaka izikhalo ingalandelwanga, ukuthi ilandelwe kuqala. Ifomu 2.2 litholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni eziyi-11 ku-*website* yoMnyango Wobulungiswa: www.justice.gov.za.

j) UNgqongqoshe uzobe eseba nezinyanga ezintathu (3) sokusingatha lolu daba oludluliselwe futhi anike umfakisikhalo impendulo. Uma nalapho umfakisikhalo elokhu enganelisekile, unelungelo lokufaka udaba ukuba okushiwo wuNgqongqoshe kubukezwe ngokomtheshwana 53 weNkantolo Ephakeme phakathi nezinsuku eziyi-180 ngokoMthetho Wokugqugquzelwa Kobulungiswa Bokuphatha (Promotion of Administrative Justice Act), uMthetho 3 ka-2000 noma ngezinhloso ezinhle inkathi engaphezulu kwaloko. Umfakisikhalo uyaqasheliswa futhi nangelungelo lakhe ngokwesigaba 11 (4) soMthetho Wezilimi Zonke ZaseNingizimu Afrika 59(Pan South African Language Act 59) ka-1995, njengoba uchibiyelwe ngoMthetho 10 ka-1999 okuthi ngawo isikhalo esimayelana nokunyathelwa kwelungelo lolimi kube nelungelo lokusiyisa kuBhodi Lezilimi Zonke ZaseNingizimu Afrika (PanSALB). Ikheli leposi, inamba yefekisi nekheli le-*email* kwe-PanSALB kumi kanje: